IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

UJesu noLazaru



Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2022 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UMariya noMarta babekhathazekile.
Umfowabo uLazaru wayegula - egula kakhulu. Odade babazi ukuthi uLazaru angase afe ngokushesha. Bathumela ukubiza uJesu. Wayewuthanda lo mndeni omncane waseBethaniya.

Lapho uJesu ezwa ngoLazaru watshela abafundi bakhe, “Lokhu kugula ngeke kugcine ngokufa.” Nakuba uJesu ayekude ngamakhilomitha amaningi, wayazi kahle ukuthi kwakuzokwenzekani kuLazaru.



UJesu walinda izinsuku ezimbili ngaphambi kokuba ahambe aye eBhethaniya. Wase esho into eyabadida abafundi bakhe. "ULazaru ufile. Ngiyajabula ukuthi bengingekho ukuze nikholwe." Ayechaza ukuthini lamagama angajwayelekile? UJesu wayehlela ukwenzani?

Wathi
uJesu efika
eBhethaniya, uLazaru
wayeshone izinsuku ezine.
Isidumbu, egogwe
ngezindwangu
zethuna,
waye kwithuna
elithi alifane
nomhume.

UMarta wahamba wayohlangabeza uJesu. "Umfowenu uzovuka futhi," kusho uJesu. "Ngiyazi – ekuvukeni kwabafileyo ngosuku lokugcina," kuphendula uMarta. Wacabanga ukuthi kufanele alinde kuze kube sekupheleni kwesikhathi ukuze aphinde abone uLazaru.

“Mina ngingukuvuka nokuphila,” uJesu watshela uMarta. “Okholwa yimi uyakuphila noma efa.”
UMarta wamkholwa uJesu. Wayazi ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Kodwa wayengamsiza kanjani uLazaru?

Bonke babedabukile ngoba uLazaru wayefile. Udadewabo uMariya wayekhala. Kwakunjalo nabangane bakhe ababezama ukumduduza. NoJesu wakhala.

UJesu wahamba
nabantu baya ethuneni.
Kwakulele itshe elikhulu
ngasemnyango.

“Susani itshe,” uJesu wayala.
UMarta waphendula wathi,
“Nkosi, usenuka ngokuba
usenezinsuku
ezine efile.”

Ngokuyala kukaJesu amadoda asusa itshe. UJesu wabe esethandaza kuYise osezulwini. UJesu wayesezokwenza isimangaliso esikhulu ukuze abantu bazi ukuthi uNkulunkulu umthumile.

"Lazaru!"
UJesu wamemeza.
"Phuma!" Kumelwe
ukuba abantu
bagqolozele umhume
bemangele. Ingabe
uJesu wayengenza
umuntu ofile aphile?


YEBO!
ULazaru
waphuma
emhumeni,
egoqwe
izingubo
zethuna -
EPHILA!

“Mthukululeni,”
kusho uJesu.
“Myeke
ahambe.”

Yeka injabulo eyayikhona!
Izinyembezi zaphenduka uhleko. UJesu wayeligcinile izwi Lakhe. ULazaru wayesephila futhi. INdodana kaNkulunkulu kuphela eyayinganikeza umuntu ofile ukuphila.

Abantu abaningi ababona lesi simangaliso bakholwa kuJesu. Kodwa abanye babika ngaye ezitheni zakhe - abaholi bethempeli. Ngomona benza itulo lokubulala uJesu. UJesu esekwazi lokhu wamuka isikhashana.

UJesu noLazaru

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Johane 11

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16